

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)


English/isiZulu

July Edition 2


Stop initiation deaths!



Cont.
Page 2



**Life-saving
drone takes
flight**



**Ndlovu Youth
Choir inspires
the nation**

Page 9

**FREE
COPY**



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews



Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

FREE COPY NOT FOR SALE



Yolzindaba Zentsha

Ukunika ithemba intsha engasebenzi

ISIKHUNGO esisekelwa uhulumeni esigunyazwe ukubhekana nezinselele ezibhekene nentsha yesizwe siqhuba izinhlelo ezahlukene okuhloswe ngazo ukunikeza intsha amathuba okuphumelela uma ingenza okuthile ngesimo sayo.

Silusapho Nyanda

ULondiwe Mbatsane, oqequesha abantu amakhono enhlanganweni engenzi nzuzo i-Grassroot Soccer, wayengakwazi ukuthola umsebenzi iminyaka emibili ngaphambi kokuthi i-National Youth Development Agency (i-NYDA) imsize.

Lo oneminyaka engama-24 uthi ngokumsiza ukuthi athole umsebenzi, i-NYDA yamenza ukuthi akwazi ukusiza umama wakhe ongasebenzi.

UMBatsane, ngemuva kokuza ngomngani ngohlelo lokufaka abantu emisebenzini le-NYDA, wathumela nge-imeyili i-CV kanye nesitifiketi sikamatikuletheni esikhungweni. Lo ohlala eHazyview wathi



ULondiwe Mbatsane useqashiwe manje ngenxa Yohlelo Lokufaka Abantu Emsebenzini le-NYDA.

wafaka amadokhumenti akhe ngoMasingana kanti-ke ekupheleni kukaNhlanja, waqala emsebenzini wakhe omusha.

"Ngafaka i-CV yami kanye nesitifiketi sami sikamatikuletheni kodwa nganginovalo

lokuthi ngeke bangibize ngoba babefuna umuntu onomatikuletheni kanti mina ngangineziqo ezengeziwe," kusho yena.

Lezi zihlanganisa i-Diploma in Human Resources yase-Stanford International College kanye

ne-Diploma in Business Management yase-Tshwane South TVET College, nokungekho neyodwa yawo eyamenza wathola umsebenzi ngaphambi kokungenelela kwe-NYDA.

Uhlelo lokufaka abantu emsebenzini luhlose ukuxhumanisa abantu abasha abanamakhono kanye nabangenawo amakhono, ukuze kufinyelele eminyakeni yobudala engama-35, nemisebenzi ezinkampanini ezinezikhala zemisebenzi.

Lolu hlelo luhinde lusize abantu abasha ukuthi bathole amakhono adingekayo ngo-hlelo lokueqesha lokubalungisela ukusebenza. Lolu hlelo luqequesha intsha engenamakhono imisebenzi.

"Abantu abasha kumele basebenzise amathuba ahlinzekwa yi-NYDA," kusho uMbatsane.

i-NYDA inezinhlelo eziningana ezihlose ukufaka abafuna umsebenzi emisebenzini efanele. Lezi zihlanganisa i-Pearson Job Seekers Opportunity kanye ne-National Youth Service Programme.

abantu abasha abafuna ukuba yingxene yene yalezi zinhlelo bangafaka ama-CV abo e-NYDA ngokuwathumela nge-imeyili noma ngokuwaletha bukhoma emahhovisi e-NYDA.

Isikhungo sibe-ke sesifaka iminingwane yofuna umsebenzi ngaphambi kokuyiqondanisa nabaqashi abafuna amakhono abo athile.

Thinta i-NYDA
ngokuyishayela ucing ku:
0800 52 52 52 noma
ngokuthumela i-imeyili ku:
info@nyda.gov.za.

Ukubhekana nenkinga yokungasebenzi kwentsha

Dale Hes

Inhlangano ebhekelela intsha i-Lulaway yenza umsebenzi obaluleke kakhulu ngokupathelene nenkinga yokungaqashwa kwentsha, njengoba seyihlelele ukuqashwa kanye namathuba okufunda amakhono omsebenzi emsebenzini entsheni evile ezi-30 000.

Isebenziana ngokubambisana nohulumeni, izinhlangano ezingenzi nzuzo kanye nezinkampani ezizimele, i-Lulaway seysungule izikhungo zemisebenzi ezingaphezu kwezingama-200 kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyalgalolunye.

E-Bellville, i-Lulaway Workforce Development Project – exhaswe ngezimali Idolobha

LaseKapa – iqhuba uhlelo lokueqesha lweminyaka emithathu ukuze kusizwe abafuna umsebenzi ukuthi balungele ukusebenza.

Kusukela ekuqaleni kowezzi-2011, inhlangano seyibhalise abantu abasha abangaphezu kwezi-516 149 abafuna umsebenzi, yaqeqesha abayizi-5 472 yase ifaka emisebenzini yokusebenza ngokugcwele abayizi-2 968, esukela ezikhali zomsebenzi wezokuphatha, ukuya emsebenzini wokuhlanza indawo, onogada, ukuthengisa okuthile, ezoku-zicwala kanye nokusebenza kwizikhungo zosizo ngocingo.

Omunye wabaholulile uBeauty Mnxulu (oneminyaka engama-26), ohlala elokishini laseKhayelitsha. Ngemva koku-hlupheka iminyaka emine efuna

umsebenzi, uMnxulu wabhalisa kuhlelo lokulungiselela ukusebenza lwe-Lulaway. Manje useqashwe njengomsebenzi oqashayo e-Fidelity.

"Ngesikhathi ngiyeqeqeshe-lwa ukulungela ukusebenza, nalokho kwakuwukufenzeza kwephupho kimina ngoba abantu ababesifundisa babewenza ngothando umsebenzi wabo. Ngangazi ukuthi kwakuzongisiza ukuthi ngithole umsebenzi futhi akuthathanga isikhathi eside emva kwalokho, ngaqashwa. Ngihangana nabantu abehlukene nsukuzonke; abantu bakuthola kunzima ukuthola

umsebenzi kodwa ngizimisele ukubasiza. Ngenxa yalokho engakufundiswa e-Lulaway, ngenza umsebenzi wami ngentshisekelo futhi ngiyayithanda into engi-



I-Lulaway seyifake intsha eyevile ezi-30 000 eNingizimu Afrika yonkana emisebenzini noma emathbeni okuqeqeshelwa umsebenzi emsebenzini.

yenzayo," kusho uMnxulu.

Omunye ohlala eKhayelitsha, uZikhona Yeko (oneminyaka engama-24) naye wayekuthola kunzima ukuthola umsebenzi kodwa ngemva kokubamba iqhaza ohlelweni, manje usesebenza njengomsebenzi othengisa okuthile e-Cell C.

"Ubunzima engidlule kubo buyingxene yempumelelo yami ngoba bungenze ngaqina," kusho uYeko.

Ilungu lomkhandlu wemeya yedolobha obhekelele amathuba ezomnotho, uJames Vos, uthe

lolu hlelo luyisibonelo esihle esibonisa ukuba ukusebenziana kungayinqoba insele yoku-nntuleka kwemisebenzi.

Intsha efuna ukubhalisa e-Lulaway ingafaka iminingwana yayo ku:
<https://www.lulaway.co.za/register/> besi
iya esikhungweni semisebenzi esiseduze nayo ukuze iyogcwalisela icicelo zokufuna umsebenzi kanye nokuhlolwa.